INKULUMO KAMPHATHISWA WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL, UMNUZ MXOLISI KAUNDA, EMCIMBINI WOKUGCOTSHWA NGOKUSEMTHETHWENI KOMKHANDLU WESIFUNDA WASEZULULAND, NGOLWESINE, 01 SEPTEMBER 2016

- Mphathi wohlelo;
- UMntwana waKwaPhindangene;
- Amakhosi akhona;
- Amakhansela amasha naphumayo;
- Umphakathi wonke waseZululand;

Mphathi wohlelo kuyintokozo ukuthi ngithole ithuba lokusukuma ngibingelele kulolu suku olumqoka nolukhulu kangaka kubantu baseZululand, lapho kubunjwa khona kabusha umkhandlu wabo wesifunda.

Okumqoka kakhulu wukuthi lesi sifunda siyingxenye yomlando omqoka wesizwe samaZulu futhi sifukamele zonke iziGodlo zeNgonyama yethu, iSilo samaBandla. Lokhu kusho ukuthi lesi sifunda siwumgogodla womlando namagugu esizwe sethu.

Yingakho nakuHulumeni wesifundazwe sibone kumqoka ukuthi sibe kanye nani uma nibumba kabusha uHulumeni wakulesi sifunda ngoba siyazi ukuthi abantu baseZululand balindele lukhulu.

Abantu baseZululand balindele intuthuko futhi balindele ukuthi impilo yabo ishintshwe yenziwe ngcono kakhulu kunalokhu eyikho njengamanje. Abantu bakulesi sifunda balindele ukuthi thina esiqokwe sanikwa umsebenzi wokuhola, sibahole ngobuqotho nangaphandle kokufeza izinhloso zethu zepolitiki kuqala.

Abantu balapha balindele ukuthi uHulumeni kuwona wonke amazinga usebenze ngokubambisana ngoba ukhethwe ngabantu ngokwenqubo yentando yeningi – ngakho lokho simelwe ukukuhlonipha zikhathi zonke.

Ukuza kwami lapha ngithunywa uNdunankulu wesifundazwe, uMhlonishwa uWillies Mchunu, kuyingxenye yalokho kuzibophezela ekutheni sikwazi ukusebenza ngokubambisana njengoHulumeni wesifunda noHulumeni wesifundazwe.

Ukuza kwami lapha kuyingxenye yokushayela isigxivizo sokuthi noma ngubani okhethwe ukuphatha lo mkhandlu wesifunda nayo yonke eminye engaphansi kwaso, thina njengoHulumeni wesifundazwe sizimisele ukubambisana naye ukuze impilo yabantu ithuthuke.

Mphathi wohlelo ngiyafisa ukubonga abantu bakulesi sifunda ngendlela abaziphathe ngayo silungiselela ukhetho. Bakhombisile ukuthi sebevuthiwe ngokwezepolitiki futhi bakulungele ukuphilisana.

Asizange sizwe kuthiwa kukhona abantu abahlukunyeziwe ngoba bekhankasela elinye iqembu futhi akukho zinkinga ezinkulu ezabikwa ngelanga lokhetho – ngakho sifisa nizishayele ihlombe ngalokhu.

Sifisa ukubonga abaholi bonke bezinhlangano ngokuthi nabo babambe iqhaza ukugxeka izigameko zodlame nokubulalana ngoba uma sikhuluma ngazwi linye siyokwazi ukwakha isizwe esingcono.

Sibonga nokuthi zonke izinhlangano beziyingxenye yohlelo esilukhandile njengoHulumeni iMulti – Party Political Intervention Committee, ebihlanganisa zonke izinhlangano ngenhloso yokuthi kuxoxwe uma kukhona lapho kunokuphambana khona.

Ezindaweni ezifana naseMtshezi, ePort Shepstone kanye nakwezinye, leli komidi likwazile ukungenelela lanqanda ungakabi bikho umonakalo. NjengoHulumeni sithathe isinqumo sokuthi leli komidi liqhubeke nomsebenzi walo, ikakhulukazi ngemuva kokubona ukuthi ziningi izindawo ezizoba nokhetho lokuchibiyela kanti futhi zisekhona ezinemithonseyana yokungabekezelelani, okubalwa nomasipala abangakabumbeki ngendlela kuze kube manje.

Kusiphathe kabuhlungu ukuthi sithi sidlule nje okhethweni futhi sisancoma wonke umuntu namaphoyisa ngendlela asebenze kahle ngayo bese siba nesehlo lapho kubulawe khona umsebenzi obeyimenenja yokucwaninga amabhuku (Internal Audit) kumasipala waKwaNongoma, uMnuz Archie Duma.

Sithe sisathuswe yilokho kwasuka uthuli lwezichwe eNtshanga nakhona sathola sekubulewe abantu ababili ngoba kusolwa ingxabano yezepolitiki esuke endaweni yokucima ukoma. Zonke lezi zinto zenza isifundazwe sethu sibonakale njengesifundazwe esigobhoza igazi nesiphila izilwane. Kungumsebenzi wethu sonke ukuthi siliqede leli hlazo futhi siqhubeke nokushumayela ivangeli lokuphilisana kanye nokubekezelelana.

Mphathi wohlelo, ngifisa ukubongela wonke amakhansela akhethiwe futhi sikholwa wukuthi umsebenzi wawo azowenza ngaphandle kokuchema nangokwenzelela.

Njengoba wonke amakhansela ethathe isifungo sokuthi azogcina umthetho futhi esebenze ngokulawulwa yiwo, silindele ukuthi sonke sisebenzele ukuqinisa indlela omasipala bethu abasebenza ngayo.

Silindele ukuthi omasipala njengezakhiwo eziseduze komphakathi, babuyise ithemba kubantu ngokusebenza kukaHulumeni futhi babe yizizinda zentuthuko nomthombo wolwazi.

Uma thina njengabaholi bomphakathi siba nempakamo futhi sihambela phezulu sibashiya abantu, kuzosho ukuthi sivula igebe phakathi kwabantu okuyibona abangabaqashi bethu kanye nathi njengabaholi babo.

Uma sivumela inkohlakalo kanye nabangani bamakhansela, bazitapele kwizinsiza zikamasipala, kuzobe kusho ukuthi sibukela phansi wona lo mphakathi osikhethile.

Yingakho kumele amakhansela aqinisekise ukuthi indlela umasipala osebenza ngayo, ivikela ukuxhashazwa kwezimali futhi kusetshenziswe izinsiza zikamasipala ukuhlomulisa wonke umuntu ngokulinganayo. Lokhu kudinga sikwenze ngaphandle kokubheka ubuqembu.

Kumele ihhovisi likaSomolomo lakhe isiqiniseko sokuthi kukhona ukuhlonishwa kwemithetho futhi wonke amakhansela ayayihambela imihlangano kamasipala.

Kumele futhi lakhe isiqiniseko sokithi kukhona ukusebenza kwezinhlaka ezibhekelele umphakathi ukuze ukwazi ukubamba iqhaza ezindabeni ezithinta intuthuko yawo. Lokhu kuhambisana nokwakhiwa kwamakomidi amakhansela asebenza ukuqinisekisa ukuthi umasipala usebenza ngendlela futhi ulawulwa ngokomthetho.

Silindele ukuthi abaholi balo masipala bakhombise ukuvuthwa, kungabi yibona abaphuma behambe bekhuluma izinto okungezona kodwa kumele nifundise umphakathi ngendlela uHulumeni osebenze ngayo kuwona wonke amazinga.

Kumele izisebenzi zinikwe ithuba lokwenza umsebenzi wazo ngokulandela umthetho, kungabi bikho ukugxambukela emithethweni ebekelwe abasebenzi nendlela okumele basingathe ngayo izindaba zokuphathwa komkhandlu. Thina bosopolitiki, kumele sinike indlela okumele kusetshenzwe ngayo futhi sicabe nenqubomgomo bese kunikwa ithuba abasebenzi ukuthi basebenze lokho okufunwa osopolitiki, belawulwa ngumthetho.

Ubudlelwano phakathi kwepolitiki kanye nabasebenzi, kumele kube yilobo abukwaziyo ukulawuleka futhi kube nokuhloniphana ukuthi lezi zinhlaka zombili kumele zisebenze ngokubambisana.

Sengiphetha, ngifisa ukuthatha leli thuba ngifisele wonke amakhansela angenayo namuhla nobuholi obuzokwengamela lesi sifunda saseZululand, impumelelo emsebenzini wabo.

Njengoba abantu bebheke lukhulu kithina, kumele singabaphoxi, ngakho ukubambisana yikhona okumqoka. Mina njengoMphathiswa ojutshwe nguNdunankulu ukusebenza kulesi sifunda, ngizokwenza konke okusemandleni ukubambisana nani ukuze silethe intuthuko nempilo engcono kubantu baseZululand.

Ngiyabonga